

# Inkantolo ilahle ngecala umkhokhintela ngokungasebenzisi ngendlela uhlelo Iwenkantolo

**Tshwane, 23 kuMandulo 2021–** UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) luyasemukela isinqumo esivuna uSARS esicelweni secala elicasulayo nelimosa isikhathi senkantolo phakathi kukaMnu Gary van der Merwe nabanye eNkantolo Ephakeme i-Cape High Court.

Kungokokuqala emlandweni wakwaSARS ukuthi isikhungo silethe isicelo secala elicasulayo nelimosa isikhathi senkantolo siphikisa indlela yokuziphatha komkhokhintela ephazamisayo ngenhloso yokubambezela izinqubo zomthetho.

Ekuqaleni kwaleli sonto, inkantolo ithole ukuthi isinyathelo somthetho sikaMnu van der Merwe nabanye besibonisa "ubungozi" bokuba nomthelela omubi ohlelweni lwenkantolo nokuphathwa kobulungiswa nokubangele ngokusobala ukuhlukunyezwa kwenqubo yenkantolo.

Ngokwesinqumo, isenzo sikaVan der Merwe besiyisibonelo esikhulu somkhokhintela ohlukumeza uhlelo Iwenkantolo ngokwenza izinsolo ezingenabufakazi ngokuthi uSARS wenze inkohlakalo, wakhwabanisa futhi wahlukumeza.

Umthelela walesi sinqumo ukuthi uMnu van der Merwe angeke akwazi ukuthathela namuphi umuntu (kubandakanya noSARS) izinyathelo zomthetho ngaphandle kokugunyazwa yinkantolo kuqala. Isinqumo sisebenza kuMnu van der Merwe siqu sakhe nasesikhundleni sakhe njengomphatheli noma umqondisi wanoma yiyiphi inkampani nakubaphatheli be-Eagles Trust.

UKhomishani wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthi isinyathelo somthetho sikaMnu van der Merwe nabanye eminyakeni engaphezulu kweyishumi kwakuhloswe ngaso ukuphazamisa isikhungo ekufezekiseni umyalelo waso ngokomthetho kanye nokuphazamisa yonke imizamo yokuphothula lolu daba ayebhekene nalo.

“USARS uzohlala uhlinzeka ngesiqinisekiso nengcaciso kubakhokhintela ukuze bakwazi ukuhlangabezana nezibophezelo zabo. Lapho kuba khona ukungaboni ngaso linye, uSARS unohlelo lokusombulula udaba olunjalo ngaphandle kokufaka icala enkantolo. Lokhu akubavimbi abakhokhintela ukuba benze okusemalungelweni abo kokufuna usizo ezinkantolo, uma bengenelisekanga ngomphumela. Kodwa-ke, abakhokhintela abasebenzisa izinkantolo ukubambezela nokulwisa imizamo yokuqoqa izintela kuzophikiswana nabo.”

UKhomishani uthemba lokuthi lesi sinqumo sizobavimba nabanye ukufaka amacala acasulayo ngemizamo yokunqanda uSARS ekwenzeni umsebenzingqangi wawo, okuwukuqoqa imali ukuze ukwazi ukulekelela uhulumeni ekwakheni umbuso okhonayo owenza ngcono entuthukweni yenhlalakahle nezomnotho wezwe lethu kanye nenhlalakahle yabo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne [SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za)